# NGIKHOHLWE IGAMAMFIHLO LAMI LE-EFILING

Siyazi ukuthi amaphepha entela uwabuyisa kanye ngonyaka okwenza kube lula ukuthi ukhohlwe yigamamfihlo lakho. Ngakho-ke, uma kuwukuthi usulikhohliwe igamamfihlo lakho, nalu usizo.

Kulula, ungakwenza ku-inthanethi noma ngokushaya ucingo, ungazikhethela.

### Uma ukwenza nge-inthanethi uzosebenzisa isizindalwazi se-eFiling

Ngena kusizindalwazi se-eFiling bese ucofa ikinobho elikunika imvume yokungena. Usuka lapho, cofa okuthi 'Ukuze sikukhumbuze ngegama lomsebenzisi' noma uma usukhohlwe igamamfihlo lakho, cofa lapha.

### Ungashayela i-Contact Centre

Usizo lokuzisiza wena oluzenzekelayo luhlala lukhona kule nombolo ukuze ubuyisele kabusha igamamfihlo lakho bese ulithola nge-sms noma nge-imeyili.

Ukuze ubuyisele kabusha igamamfihlo lakho nazi izinyathelo ezilula ongazilandela:
1) Shayela i-SARS Contact Centre kule nombolo 0800 00 7277.
2) Lalela kulokhu ongakhetha kukho, bese ukhetha lokhu "Uma ukhohlwe igamamfihlo lakho le-eFiling".
3) Uma ucelwa, faka le mininingwane elandelayo:

- inombolonkomba yentela ilandelwe uphawu (#).
- Inombolo kamazisi waseNingizimu Afrika noma inombolo okubhaliswe ngayo inkampani nayo ilandelwe uphawu (#).

Uma kungukuthi imininingwane yakho yokuxhumana ishintshile uzobe usudluliselwa ku-ejenti ye-contact centre ezokusiza ukuba ubuyise kabusha igamamfihlo lakho.

**Isungqangi:** Ngaphambi kokuthi usishayele sicela ube ulungise inombolo yakho kamazisi kanye nenombolo yakho yentela kube seduze.